## UMBONO, IZINHLOSO, OKUQONDIWE NAMAQHINGASU

Kuyothi kushaya owezi-2030 uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoba ngophuma phambili ekuhlinzekeni ngamanzi esifundazweni iKwaZulu-Natal lapho imiphakathi yawo iyobe izuza emikhakheni yezolimo nezokungcebeleka ehlabahlosile.

## ISITATIMENDE SEZINHLOSO

Ukusebenzisana nemiphakathi yawo nababambiqhaza uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoqinisekisa ukuthi uhlinzeka izinsizakalo zamanzi ahlanzekile, aphuzekayo angaphazamiseki kanye nezinsiza zenhlanzeko ezifanelekileyo futhi ulwele ukuthuthukisa imikhakha yezolimo nezokungcebeleka ukuqinisa isithunzi sabantu.

## IZIMISO EZINQALA

Ukuveza obala • Izibophezelo • Ukubonisana • Ukuzibophezela nokwethembeka



# UHLU LOKUQUKETHWE


| | |
|---|---|
| Amazwi Okwandulela oMhleli | 04 |
| Isandulelo seMeya | 05 |
| Amazwi kaMenenja kaMasipala | 07 |
| Sihambisana nomthetho siwumasipala ukuletha amanzi ahalanzekile | 08 |
| Umyalezo kaMhlonishwa uMeya WeSifunda uKhansela uZ.D Nxumalo | 09 |
| UMasipala waseHarry Gwala uMkhandlu oMkhulu | 10 |
| UMeya Wesifunda iHarry Gwala udlulisa imifaniswano yesikole ezikoleni zasemakhaya | 12 |
| UMphathiswa uKhoza uthi makuphele ukusola abakhulile ngokuthakatha | 14 |
| UMphathiswa uZuma uqinisekisa abesifazane indawo emkhakheni wezolimo | 16 |
| Imigubho yoSuku Lwamagugu | 18 |
| Umbiko Ngenqubekelaphambili yePhrojekthi | 20 |
| UMeya Wesifunda uKhansela uZ.D. Nxumalo uxoxisane nomphakathi ngokulethwa kwezidingo ngesikhathi ethula inkulumo kumsakazo iGagasi FM | 25 |
| Imihlangano yoHlelo Lwentuthuko Oludidiyelayo | 26 |
| UMasipala Wesifunda iHarry Gwala Usingatha Imbizo KaHulumeni enkulu ubuye udlulisele izindlu emphakathini waseKromhoek | 28 |
| Ukusebenzisa ukuhlela kwenqukela phambili koKusetshenziswa Kwezibonelelo Zomasipala | 29 |
| UMasipala Wesifunda iHarry Gwala nezimoto ezintsha ezizokwenza ngcono ukuhlinzeka ngezidingo | 30 |
| UMphathiswa uFrazer uvule ngokusemthethweni iXoloxolo Primary School ewubukhazikhazi besimanje | 31 |
| Izigameko zemvula enkulu nokuduma kwezulu | 32 |
| Kubungazwa ukusebenza kwamaThusong Centre aletha Intuthuko emphakathini | 33 |
| Ezemidlalo zinakekela impilo yabasebenzi | 34 |

AMAZWI OKWANDULELA OMHLELI

# Ukuthunyelwa kwezidingo kubantu kuyaqhubeka nangamaholide



**UMnu uNdabezitha Tenza**
Umphathi Wezokuxhumana

NGIYANEMUKELA kulolu shicilelo lwesibili lonyakamali wezi-2023/2024. Sethemba nizophinda nikuthokozele. Sithanda ukudlulisa ukubonga okukhulu ngokuthembeka kwenu nokubambelela kwenu kulolu shicilelo. Okwethu kulula ukuba sihlale sinikezela ngolwazi emphakathini nakulabo ababamba Iqhaza kulelibhukwana lethu. Ushicilelo lwethu luba kanye ezinyangeni ezintathu ngenhloso yokubika ngenqubekelaphambili yokuhlinzekwa ngezidingo kanye neminye Imisebenzi eyenziwa umasipala.

Siwumkhandlu sikwazile ukuzibandakanya nemsebenzi eminingi emazingeni ahlukeni kahulumeni. Sekusondela isikhathi samaholide kanye nokuvulwa kwezikole ngoMasingana, kuyaziwa ukuthi eminye imindeni ithwala kanzima, kungalesizathu esenza uMeya uZ. Nxumalo aqhamuke nomkhankaso wokunikela ngomfaniswano wesikole ezikoleni zasemakhaya ezisesifundeni nasezindaweni ezizungeze iHarry Gwala. Kulezo zikole ezihlomulile kukhona iNomzamo Primary, iSummerfield Primary, iNgcesheni, neSangcwaba Primary. Osamabhizinisi bendawo bafake isandla ukwenza lo msebenzi ube yimpumelelo. UMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu nawo ube nomnikelo omkhulu ekuguquleni impilo yabantu eKrom Hoek ngaphansi kukamasipala uMzimkhulu lapho kube nemizi ngamashumi ayisithupha ehlomulile.

Abantu abadala baseHarry Gwala bahamba bejabule emveni kokuba uMasipala esingathe umcimbi wokufisela abaye kumaGolden Games ebiseMargate ngenyanga kaMandulo. Siyaziqhenya ngokuba nezakhamuzi esezikhulile ezizibandakanya nezemidlalo esifundeni sethu. Ngesikhathi sixwayisa abantu ngesifo sobuchopho ngenyanga kaMandulo, umphathiswa wezenhlalakahle uNonhlanhla Khoza usingathe umcimbi wengxoxo nabakhulile eNdwebu lapho izinsizakalo zezempilo kanye nezipho kudluliselwe kwasebekhulile. UMasipala uyazigqaja ngokuba yingxenye kule misebenzi ehlomisa izakhamuzi Iphinde ikhuthaze ukuphila kahle.

Ekuqhakambiseni imisebenzi yeThusong uMasipala iHarry Gwala uholwa uSekela Meya uNosisa Jojozi ubambisane nomasipla -Dr Nkosazana Dlamini-Zuma kanye neminyango kaHulumeni ihlanganile yahambisaizidingo kubantu endaweni eyodwa ebihlelwe erenki yamatekisi eBulwer.

Ukudluliselwa kweNtuso Farm eBulwer kulethe ithemba kosomabhizinisi bezolimo. Umeya uNxumalo nomnyango wokuthuthukisa Izindawo zasemakhaya badlulisele udedangendlale wezolimo ongamahektha ayizinkulungwane ezimbili namaskhulu amahlani 2500. Njengengxenye yokubungaza inyanga yamagugu, abaphathi nezisebenzi bakuMasipala iHarry Gwala basingathe imicimbi emibili behlonipha ukubungaza amasiko ahlukahlukene. Lokhu kuhambisana nenqubomgomo yethu yokusebenzisana kwabantu basiko ahlukene.

Siqalisa uMfumfu njengenyanga yezokuthutha, umeya uNxumalo udlulisele izimoto eziyishumi nambili ezingezikamasipala okuqondwe ngazo ukusiza umnyango wezamanzi. Loku kuvuselele umdlandla ezisebenzini kulo Mnyango. Njengengxenye yokukhuthazeka umdlandla kubasebenzi inyunyana yezisebenzi zomasipala baseNingizimu Afrika (SAMWU) isingathe uchungechunge lwemidlalo eJefry Zungu Sports Field, lapho bonke omasipala bendawo bazibandakanye khona.

Ngiyabonga.



**UNKS UNONTUTHUKO NGUBANE**
UMXHUMANISI KAMASIPALA NOLUNTU (PRO)



**UMNU ULINDOKUHLE CHILIZA**
OMELE I-GOVERNMENT COMMUNICATIONS AND INFORMATION SYSTEMS (GCIS) EHARRY GWALA

ISANDULELO SEMEYA

# Asiphepheni sonke ngalesi sikhathi samaholide

NGIBINGELELA wonke umuntu ongaphansi kweSifunda iHarry Gwala. Kungijabulisa kakhulu ukuba nginethulele Izindaba zakamuva ngomsebenzi owenziwa kamasipala .

**Umsebenzi wedamu laseKempdale**
Ngokusebenzisa Izimbizo zohlelo lwentuthuko oluddidiyelwe (IDP) kanye neminye imihlangano kamasipala njengemeya ngihambela yonke imiphakathi yesifunda ukuze ngiyinikeze izindaba ezifanelekile nezakamuva mayelana okusebenza komkhandlu.

Ngifisa ukusebenzisa lelithuba ukunibikela ngomsebenzi wokwakhiwa kwedama i Kempdale. Njengomkhandlu sifisa ukwandisa idamu elikhona laseKempdale. Ubude bedamu elikhona kusuka emamitheni amane kuya kwayisishiyagalombili bese liba nokusabalala okungamahektha angamashumi amane nambili okuwukukhula ngamahektha angamashumi amabili nesishiyagalolunye. Umthamo wedamu uzokwanda usuka ku-215 055m3 uya ku-2 140 000m3 wokuqukatha amanzi. Idamu lizosebenza ikakhulu ukuhlinzeka amanzi edolobheni iKokstad.


Ngesikhathi kuneMbizo eKokstad ngakuveza ukukhathazeka kwami ngokulibaziseka ukuqalisa kokwakhiwa kwedamu laseKempdale. ukuthi ngabe kubangwa ukungakwazi ukwenza izinto noma kunganaki ngasohlangothini lweSifunda. Ngibanikeze isiqiniseko abantu baseKokstad sokuthi uMasipala usaqhuba ngendlela efanele mayelana nohlelo lokonga amanzi lweminyaka eyikhulu.

Inselelo enkulu ebesibhekene nayo bekuwukuqoka usonkontileka ozokwazi ukwenza umsebenzi. Abafuna lo msebenzi babiziwe izikhathi ezintathu ukuba bancintisane ngawo njengoba kubekiwe emqulwini wethenda. Ekubukeni ubungako bomsebenzi okufanele wenziwe nemiqulu yokuncintisana elethiwe, abaphathi babone ukuthi labo abafun aukwenza lomsebenzi abakulungele ngokwanele ukuwenza.

Bekuyoba wubudedengu ukuqasha ozokwenza umsebenzi sekwenzelwa nje ukuthi kufanele kuqhutshekwe bese kuthi ekugcineni othole umsebenzi ehluleke ukuwufeza.

Angikuqinisekise ukuthi lomsebenzi uyaqhubeka futhi ngeke sivinjwe yilutho ekuqhubekeni nokufeza izinhloso zayo.

**Ukubhaliswa kwabantu abahlwempu**
Umsebenzi womasipala bezindawo ubhekene



**UMhlonishwa, uMeya uKhansela uZ.D Nxumalo**

**Izinga lobubha kubo bonke omasipala ezweni lethu kuxakile futhi izindawo ezithinteke kakhulu wububha yizindawo zasemakhaya namadolobha amancane okufaka phakathi nesifunda sethu.**

kakhulu nenselelo yokuqedwa kobubha. Ngaphezu kwalokho, ngenxa yokwabiwa kwamandla nemisebenzi kuyo yonke iminxa kaHulumeni, ezinye izinsizakalo ezimqoka kakhulu zabampofu ziphathwa ngohulumeni abaseduze kakhulu nabantu, ikakhulukazi amanzi nenhlanzeko. Iqiniso lithi amanzi nenhlanzeko akusikhona kuphela ukuthi kuhlala kungena kakhulu ekusebenzeni kwezimali zomasipala, kodwa ngokuvamile kwaziwa ngokuthi kuhlinzekwa labo abakwazi ukukukhokhela, kufenyisa ukuqonda ngokuphelele ubudlelwano

obukhona phakathi kobubha nomasipala wendawo ekwazini ukubhalisa abahlwempu abasemiphakathini yethu abangazi ukuthi bazothathani bahlanganise nani.

Lokhu kanye nokwehla komnotho wethu kube nomthelela omubi kakhulu ngenxa yezinto ezenzekayo zangaphandle nezomhlaba jikelele. Siyaphoqeka njengohulumeni ukuba siqhakambise futhi sisebenzise ngokugcwele izinhlelo ezifana nalezi emiphakathini yethu njengoba kuyithina esazi ngokuphelele nakangcono ukuthi imiphakathi yethu idingani

Izinga lobubha kubo bonke omasipala ezweni lethu kuxakile futhi izindawo ezithinteke kakhulu wububha yizindawo zasemakhaya namadolobha amancane okufaka phakathi nesifunda sethu.

Nginxusa imiphakathi yethu leyo engenawo amandla okutheng amanzi ukuba babhalise kamasipala ukuze bathole amanzi mahhala futhi bakugweme ukuba bakhokhiselwe amanzi bebe besesimweni sokuwathola ngaphandle kokuwakhokhela.

Imindeni elungele lolu hlelo kufanele kube ngehola ngaphansi kwezinkulungwane ezine zamarandi kanye namakhuilu amabili-(R 4200) umuzi ngamnye.

**Ushwele**

Umkhandlu wethu uthathe isinqumo sokuba kube nomunye ushwele wesikweletu samanzi izinyanga eziyisithupha. Kusemqoka ukuqaphela ukuthi ushwele uzoba semseni wesikhathi esibekiwe sokuqeda isikweletu kuleyomizi ekweletayo. Ngakhoke kungegwemeke ukuthi amanani azohluka akweletwa umuzi nomuzi.

Amakhasimende ethu anikezwe isikhathi eseluliwe ukukhombisa ukwethembeka ngasohlangothini lwethu nanaokuthi sifuna ukuthi

**Uma singenzanga kahle kufanele sibheke ukuthi zikuphi lezo zinselelo futhi sithole izixazululo ukuze sibhekane nazo ngokwethembeka ngoba abantu ngeke besakubekezelela ukulokhu belinde izidingo okufanele ngabe siyabanikeza zona.**

lawomakhasimende ethu azimisele ukukhokha aqede izikweletu zawo. Ukwelula isikhathi bekungenxa yezicelo zikashwele eziningi zamakhasimende. Isinqumo sokwelula Isikhathi sikashwele sithathwe emuva kokucubungula kahle ukubaluleka kwawo



**UMhlonishwa uMeya uKhansela uZ.D. Nxumalo ethula inkulumo kaMasipala Wesifunda iHarry Gwala ngesikhathi semidlalo yeSalga.**

ushwele. Wonke amakhasimende akweleta uMasipala uyanxuswa ukuba alisebenzise leli thuba likashwele.

**Isikhathi Samaholide**

Sengiphetha ngifisa ukuthi wonke umuntu wakulesifunda sethu ukuthi ubuyekeze unyaka ka-2023. USocrates, oyinjula lwazi yase Greek, kwe minye yemibhalo yakhe othi: "Apology" owashicilelwa ngonyaka wamakhulu amathathu namashu ayishiyagalolunye nesishiyagalolunye ngaphambi kokuzalalwa kuka Krestu (399 BC) kumayelana nokozihlola wena qobo lwakho ukuthola isizathu nobumqoka bakho empilweni. Wakuchaza lokhu ngokubuza nangokuhlola indlela yokusebenzisa umcabango womuntu, ukwenza, nokukholelwa, lapho athi uma sigxila kithina sizothola ukuziqonda okujulile ngathi luqobo futhi sizokwazi ukulwela ukuba sizithuthukise.

Lokhu kusikhumbuza ukuthi kufanele njalo sihlale siyicabangisisa impilo yethu, izimiso nezinhloso zethu kusemqoka ekuzithuthukiseni. Mayelana nohulumeni wendawo, okuyiwona oseduze nabantu, ngiphonsela Inselelo bonke omeya, amakhansela, izikhulu kanye nalabo esibambisana nabo kubo bonke omasipala besifunda ukuba bazifune ekujuleni kwezinhliziyo zabo uma sizicabanga ngokwethembeka futhi sizihlolisisa ukuthi ngabe senze ngokusemandleni ethu ukusebenzela imiphakathi yethu. Uma kunjalo kufanele sibuye sizibuze siziphendule ukuthi yikuphi okunye okuhle esingakwenza. Uma singenzanga kahle kufanele sibheke ukuthi zikuphi lezo zinselelo futhi sithole izixazululo ukuze sibhekane nazo ngokwethembeka ngoba abantu ngeke besakubekezelela ukulokhu belinde izidingo okufanele ngabe siyabanikeza zona.

Sengiphetha, nginifisela uKhisimuzi omuhle nonyaka wezi-2024 onezibusiso. Asiphepheni sonke ngalesikhathi samahoilde.

Ngiyabonga.

# Ngidlulisa ukubonga kwami kubo bonke abasesekayo singumkhandlu



**UMnu uGamakulu Ma-Art Sineke**
IMenenja kaMasipala

KUYINTOKOZO ukuthi siphinde sihlangane kuleli khasi lapho sibonisana khona ngezindaba zokuhlinzekwa ngezidingo kubantu. Sigcina ukubonisana kwakumayelana nokuphatha, ukusebenza kanye nokuzibophezela okuhle okuyizinsika zokuhlinzeka ngezinsizakalo ezweni lentando yeningi. Sabuye sakhuluma ngentshisekelo yetghu yokuthi sibe yisikhungo esikhetha abantu ngemxa yamava abo. Kulolu shicilelo sizogxila ekuphatheni kwangaphakathi kanjalo nakuguquko okumele lube khona kumasipala.

Sekuphele unyaka ngaqokwa njengomphathi walomasipala. Izinhlaka eziningi ziyasebenza ezinye zisezinhlelweni zokuthi zisebenze. Udaba olushisa ibunzi kakhulu yilolo lwezindlela zokulawula ngaphakathi. Ucwaningomabhuku lwangaphakathi lungenye yezindlela zokulawula ngaphakathi okufanele ilungiswe. ISigaba 165 (1) somthetho wokuphathwa kwezimali Zomasipala (umthetho uNombolo 56 wezi-2003) uthi wonke uMasipala kanye noPhiko LukaMasipala kufanele kube nophiko lokucwaninga amabhuku lwangaphakathi. UPhiko Olucwaninga Amabhuku Lwangaphakathi kufanele lululeke umphathi zimali womkhandlu futhi lubuye lubike ekomidini elicwaninga amabhuku ngezindaba zokulawula ngaphakathi.

Njengendlela yokulawula uphiko olucwaninga amabhuku lwangaphakathi lungaphansi kwehhovisi lami. Lokhu kwenziwa ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi kunokusebenza ngendlela eqondile . Ucwaningo lwamabhuku lwangaphakathi lubamba iqhaza elibalulekile ekusekeleni umnyango wethu wezimali kuphinde kube nesiqiniseko sokuthi uMcwaningi mabhuku Jikelele wenza kahle umsebenzi wakhe futhi ngesikhathi asibekelwe. UMasipala njengamanje amabhuku awo acwaningwa umcwaningimabhulu jikelele futhi uyaluhambisa lonke ulwazi olucelwayo.


Ngesikhathi sifika kumasipala ngonyaka aka 2022 nabaphathi abakhona manje silusebenze kakhulu udaba lwezinguquko okufanele zibe khona ukuze ukusebenza kwezimali kuhambe kahle kumasipala. Ngokomlando abantu abalamukeli kalula uguquko olulethwa abaphathi ngenxa yezinto eziningi.Izinto zangaphakathi kanjalo nezangaphandle zinomthelela omkhulou kulokhu

Izindlela zokulwa nokuchithwa kwemali budlabha ezibekiwe zinemiphumela emihle mayelana nokuphathwa izimali kwethu. Njengengxenye yezinguquko, imihlangano yethu yabaphathi ihlanganisa zonke izimenenja kanjalo nalezo eziphethe emazingeni aphansi. Lokhu kwenziwela ukuqinisekisa ukuthi izinqumweni ezithathwayo wonke umuntu umelelekile kuzona . Kuyaqhubeka ukubonisana nabo bonke abathintekayo ku mayelana nokuqaliosa uhlelo lweBiometrics oluzalawula ubukhona bezisebenzi emsebenzini. Lokhu kuzosiza abasebenzi ukuba bakwazi ukulawula ubungako bomsebenzi wabo ngokufanelekile. Uhlelo olulawula ukusebenza komsebenzi ngamunye (IPMS) lungenye yezindlela ethulwe ngenhloso yokuthola ukusebenza okusezingeni eliphezulu ezisebenzini. NjengoMasipala sinxusa ukuthi lezi zinguquko zamukeleke njengoba ziphethe ukukhula nokuthuthuka kukaMasipala wethu okuzoholela ekuqiniseni ukuhlinzeka ngezidingo emiphakathini yethu ikakhulukazi amanzi nenhlanzeko.

Ngidlulisa ukubonga kwami kubo bonke abayingxenye yokusesekela nokuzinikela kwabo emsebenzini wethu kusukela kuqala unyaka. Ngifisela wonke umuntu uKhisimuzi omuhle nonyaka omusha onezibusiso.

Ngiyabonga.

## ABAQONDISI ABAPHEZULU



**UMNU UKHULANI MTHEMBENI BRIAN MZIMELA**
ISikhulu Esiphezulu Sezezimali




**UNKS UNTOMBIFUTHI NOMVUSELELO FORTUNATE BUTHELEZI**
Ezenhlalakahle Nezokuhlela Intuthuko



**UMNU UNKULULEKO BIYASE**
Izinsizakalo Zengqalasizinda



**UNKK UTHOBILE THELMA MATHIYANE MAGAQA**
Ezabasebenzi



**MR. LINDUMUSA GWALA**
Izinsizakalo Zamanzi



# Sihambisana nomthetho siwumasipala ukuletha amanzi ahalanzekile

UMASIPALA Wesifunda iHarry Gwala (HGDM) njengabaphathi abasemthetweni bamanzi unemvume ngokoMthethosisekelo yokuhlinzeka ngamazi nenhlanzeko kuyo yonke imiphakathi ehlala ngaphakthi kwemingcele yokubusa ngokomthetho wezakhiwo komasipala (uMthetho uNombolo 117 we-1998). Lesi sibophezelo soMthethosisekelo sibhekelela amalungelo abantu bonke abantu ukuba bathole ukudla namanzi okwanele kanye namalungelo okuba sendaweni engenabungozi empilweni nasekuphileni njengoba kuqoshwe kuwo uMqulu Wamalungelo woMthethosisekelo WaseNingizimu Afrika (uMthetho uNombolo 108 we-1996). Umthetho uqinisekisa ukuthi umasipla uhlinzeka amanzi aseqophelweni elifanele okungezukuphazamisa amalungelo abantu ngokoMthethosisekelo.

Sinesibopho sokulawula nokubika ngezinga lamanzi kanjalo nalawo asesebenzile athunyelwa emiphakathini. Inkampani uMgeni Water inegumbi lokuhlola amanzi eligunyaziwe inesivumelwano nomkhamndlu wethu ukuba isize ngokulawula izinga lamanzi nelamanzi asesebenzile ngokuhlaziya amasampula amanzi ukuze afinyele kwizinga elibekwe nguSANS 241 Standards. Umkhandlu wethu unethimba labathatha amasampula ezindaweni ahlanzekile ukuba kuthathwe amasampula kuzo futhi bawahambise enkampanini Umgeni Water ukuze acwaningwe amanzi.

Inani lezindawo lapho kuthathwa khona amasampula ziyikhulu nesikhombisa ezilawulwa umasipala ngokuhlelo lokusampula. Lezi zindawo ziyalawulwa nyangazonke ukuqinisekisa ukuthi imiphakathi yethu ihlinzekwa ngamanzi aphuzekayo kanye nokuqinisekisa ukuthi amanzi achithekela kwimvelo ayahambisana yini nokulidelwe umnyango wezamanzi kuleliu..

Ngokwezinga lamazni Izindawo ezingamashumi ayisikhobisa nambili uma sezizonke zithathwa amasampula bese ayahlaziywa zinyanga zonke. Amasampula amanzi aphuzwayo aqoqiwe ayahlaziywa ukuze kubonakale izinkomba zezinga futhi ahlolwe eqhathaniswa namazinga amanzi aphuzekayo ngokweSANS 241-1:2015.

Okwezinga lamanzi Asesebenzile: Izindawo ezingamashumi amathathu nanahlanu uma sezizonke zithathwa amasampula nyanga zonke. Amanzi angcolile esewonkle ayahlaziywa aqhathaniswe namazinga afanelekile njengokusho komnyango wamanzi enhlanzeko okubeka kanje: Amazinga okungcola ajwayelekile angaphezu kwamamegalitha amabili ngosuku futhi kumele sibe singaphansi kwamamegalitha amabili ngosuku.

Umyalezo kaMhlonishwa uMeya WeSifunda uKhansela uZ.D Nxumalo

# *Nginifisela ukuphepha nenjabulo ngesikhathi samaholide*

Ngifisa ukubeka kafishane njengoba sizilungiselela ukuphela konyaka kanjalo nokuhlala nemeimdeni yethui yethu ngesikhathi samaholide.

KuMakhansela emikhandlu okuyisakhiwo esibalulekile futhi esithatha izinqumo koMasipala nakuwo wonke amakomidi komasipla, ngifuna ukuncoma nokunibonga ngeqhaza enilibambile ngokubheka umsebenzi wokuphatha emakomidini amaningi. Umsebenzi wethu esewenzayo ubaluleke kakhulu.

Ubufakazi balokhu ukuba semihlanganweni njengoba ihlelwe nguMkhandlu namakomidi awo ukuze kudingidwe ngenqubekela phambili ekufezeni izidingo zemiphakathi kanye nokulinganisa lapho kunengcindezi khona bese kuyalungiswa lapho kudingeka khona.



Ngifisa futhi ukuncoma izikhulu zikaMasipala wethu oholwa uMeneja KaMasipala uMnu uGamakulu Ma-Art Sineke. Ukusebenza ngokuzimisela kuholela ekusizakaleni kwabantu nasekutholeni izidingo zemiphakathi. Izikhulu zethu zihlala zizimisele ngokusiza, okusemqoka kakhulu ukugcina izibopho zokusebenzela abantu ekuletheni Izidingo zabo Nginxusa zonke izikhulu ukuba ziqhubeke nokuhlinzeka ngezidingo emiphakathini yesifunda sethu.

Ukusebenza ngobuqotho kumqoka futhi kufanele siqhubeke sivikele isithunzi sesifunda sethu.

Njengoba umoya wamaholide usuvunguza, ngifisela abasebenzi, abaphathi, amakhansela, nomphakathi ukuba baphephe ngalesi sikhathi. Kufanele sijabule kodwa sibuye nganeno. Asihlaleni njalo siphephile emigwaqeni. Isikhathi samaholide siyisikhathi sokuxhumana, sithole umfutho futhi siphumule. Sidinga ukuba sonke siphile sibe yimiqemane ekuqaleni konyaka. Niphephe, niqaphele futhi nizinakekele.

Umsebenzi womkhandlu uzobe uqhubeka nangesikhathi samaholidi. Amakhansela ethu azobe ehlabe ikhefu kodwa etholaka emiphakathini.

Ngeke ngikhohlwe wukuthi phezu kwazo zonke izinselelo esibhekene nazo kulo nyaka kodwa ukunqoba kwaMABHOKOBHOKO iNdebe Yomhlaba yombhoxo yowezi-2023 kusigqamele sonke futhi kwasikhumbuza ukuthi uma sihlangene siyimbumba siyanqoba..

***Ngala mazwi nginifisela uKhisimuzi Omuhle nonyaka wezi-2024 onempumelelo.***

***UMdali makabe nani, nemindeni yenu nabathandiweyo benu.***

***Ngiyabonga.***



**Ikhishwe uphiko lwezokuxhumana kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala**




**UMeya Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D. Nxumalo benoMeya waseBuhlebezwe uKhansela u-E.B. Ngubo eSangcwaba Primary School benikezela ngomfaniswano wesikole kubafundi.**

# UMeya Wesifunda iHarry Gwala udlulisa imifaniswano yesikole ezikoleni zasemakhaya

LO msebenzi uqonde ukukhuthaza abafundi basezindaweni zasemakhaya ukuba babone isidingo semfundo futhi bangakuvumeli ukungasiqedi isikole osekubonakala kudlondlobala kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala.

Lokhu kwenzeke emveni kokuba uMeya KaMasipala Wesifunda iHarry Gwala uMhlonishwa iKhansela uZamo Nxumalo, eqale umkhankaso wokuhambela izikole zasemakhaya lapho enikele khona ngomfaniswano kubafundi abafanele ukuhlomula.

Ngaphezu kokukhuthaza abafundi basezikoleni zasemakhaya ukuba bahlale besemgqeni ukuze bazithuthukise bona nemindeni yabo, lo msebenzi ubuye ubakhuthaze ukuba babe namaphupho amakhulu ngekusasa labo.

Kamuva uKhansela uNxumalo uthathe lo msebenzi wawuqondisa ezikoleni ezihlonziwe ezingaphansi kwabo bonke omasipala bendawo abangaphansi kwesifunda okwuBuhlebezwe iDr. Nkosazana Dlamini-Zuma, uMzimkhulu neGreater Kokstad.

Lo mnikelo uyisamba esiyiziyizinkulungwane eziyikhulu gemifaniswano. Isikole ngasinye esihanjelwe ngaphansi komasipala bendawo sithole umfaniswano obiza izinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu.

Kulomsebenzi umeya uNxumalo ubehambisana nosomabhizinis weMasiqhame Trading 22, uMnu. uMeshack Ndongeni, waseKokstad,umeya kamasipala uBuhlebezwe uBathobile Ngubo, uSomlomo wakuMasipala iDr. Nkosazana Dlamini-Zuma uSfiso Phoswa.

UNxumalo uthe kusemqoka ukuba izikole zasemakhaya zithole konke ukwesekwa okudingakalayo nokukhuthazwa ukuze abafundi bahlale besthubeni ekuzuzeni imfundo yabo. “Kusemqoka kithina njengoHulumeni ukuba izikole zasemakhaya zithole ukwesekwa













**Bekuwusuku lwenjabulo lapho uMeya Wesifunda uKhansela uZ.D. Nxumalo ehambele izikole enikela ngomfaniswano wezikole kwahlomula izikole ezine. Lo mshikashika wenziwe ngokubambisana nosamabhizinisi wendawo weMasiqhame Trading 22 uMnu uMeshack Ndongeni.**

okudingakalayo nokukhuthazwa abakudingayo," kusho umeya uNxumalo.

"Sifuna ukubona omeya nongqongqoshe bevela kulezi zikole zasemakhaya. Sibone kusemqoka ukuthi sihambele omasipala bendawo abane bese sihlonza izikole ezidinga ukulekelelwa ngomfaniswano. Sifuna abafundi bethu bazi ukuthi siyabeseka futhi sifuna babe ngabantu abafundile nokuthi bahlale njalo beza esikoleni babe namaphupho amakhulu," kuchaza uNxumalo.

"Lo Hulumeni uyazikhathaza ngokuphila kwabafundi bethu, yingakho sinqume ukuza lapha manje esikoleni maphakathi nonyaka singalindi ukuthi kuze kube nguMasingana," kuchaza umeya uNxumalo. UNdongeni ongumlimi uthe wakhula kanzima ikakhulukazi ngoba uyise wendela koyisemkhulu eseneminyaka eyisikhombisa kuphela, nokho ufuna ukugqugquzela abafundi ukuba bafunde ukuze amaphupho abo afezeke.

"Ngathinteka ngabuye ngabona kunesidingo sokwelula Isandla uma ngizwa ngesifiso sikameya sokuhambela izikole futhi anikele ngomfaniswano. "Ngathinteka kakhulu ngoba nami ngahanjelwa ngubaba ngisemncane futhi ngakhula kanzima, kodwa ngakwazi ukuthi ngifunde futhi manje senguwumlimi.Nginifisela okufanayo ukuthi nifunde," kusho uNdongeni.

USihlalo wesigungu esilawula isikole iSangcwaba Primary School, uMnu. uBhekelakhe Ndlovu, ubonge umeya wesifunda noMnu uNdongeni ngomnikelo wabo abawubhekise ezikoleni.

"Ngijabule kakhulu futhi siyahalalisa ngalokho esenzelwe uMeya noNdongeni, kufana nephupho ukuthi izikole ezifana nesethu ezisemakahaya zithole umfaniswano. Phambilini besilubhada ngezinyawo uqobo siye esikoleni. Sihamba amabanga amade kodwa sahlala ezikoleni. Manje izingane zethu zithola ithuba lempilo yazo yonke zithola umfaniswano bhusende. Lokhu kuletha ithemba kubantwana bethu ukuthi uHulumeni uyabanakekela namaphupho abo," kuchaza uSihlalo weSGB.



UMphathiswa Wezenhlakahle KwaZulu-Natal uNkk uNonhlanhla Khoza uhambele umphakathi waseNdwebu kuWadi 14 obekuyingxenye yomkhankaso wokulokhu kuxwayiswa ngesifo i-Alzheimer.

# UMphathiswa uKhoza uthi makuphele ukusola abakhulile ngokuthakatha

UMPHATHISWA womnyango wezenhlakahle KwaZulu-Natal uNonhlanhla Khoza, unxuse ukuba kube khona iminyakazo ebonakalayo ukulwa nomkhuba ohlasimulisa Igazi wokuhlukumeza asebekhulile besukelwa kuthiwa bayathakatha.

Eveza ukukhathazeka okukhulu mayelana nezigameko zakamuva zabantu asebekhulile bebayizisulu zokusolwa ngokuthakatha. UMphathiswa uKhoza ugcizelele isidingo sokufanele kwenzeke maduzane.

Ekhuluma ngalolu daba ehholo lomphakathi eNdwebu kuWadi 14 kuMasipala Wendawo uBuhlebezwe, kuso isifunda iHarry Gwala, umphathiswa uKhoza uthe ukukholelwa ekuthakatheni kuhlukanise imindeni, kwaphuma nemiphefumulo.

Ukuhambela umphakathi waseNdwebu kuyingxenye yokulokhu kuqhutshekwa nokuxwayiswa ngesifo i-Alzheimer, okuyisifo sokuhanjelwa umqondo ungazi ukuphi futhi wenzani. umphathiswa uKhoza ubehambisana nesekela lemeya kumasipala wendawo uBuhlebezwe uZinhle Miya, uSibongiseni Mdunge onguSomlomo kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala nobuholi bomdabu bendawo.

UMnyango Wezenhlakahle ubulokhu uxwayisa imiphakathi ngezifo i-Alzheimer neDementia kuso sonke isifundazwe njengoba bekuyinyanga yeWorld Alzheimer kanye neWorld Alzheimer Day okuqhakanjiswa njalo ngoMandulo. Le micimbi ihlose ukuphosela inselelo ukucabangela okubi okuphathelene ne-Alzheimer neDementia, ube ugcizelela ubumqoka bokuhlonza loko okungabangela lezizifo kanye nezindlela zokuvimbela. Umphathiswa uKhoza ugcizelele ukuthi emiphakathini yasemakhaya asebekhulile bavamise ukuhlukunyezwa futhi basolwe ngokuthakatha okungenabufakazi.

“Siqoke indawo iNdwebu ukuze sixoxisane nabantu asebekhulile abangamalungu emindeni esizwe sakwaDlamini nakwaMsomi emveni kokulunywa Indlebe yiKhansela lendawo ngezinselelo ababhekene nazo. Kusemqoka ukusebenzisana nabaholi bomdabu kanye nemiphakathi ukubhekana nalezi zinkinga ezikhinyabeza asebekhulile,” kuchaza umphathiswa engeza ngokuthi lezi zinsolo nezenzo zobudlova aziphuli kuphela umphefumulo kodwa futhi azikho emthethweni. “Ekuhlukaneni kwethu nangokwamsiko okunothile ezweni, asebekhulile bangamalungu omphakathi asemqoka kakhulu,







**Ubuholi bomdabu nobuholi besifunda iHarry Gwala bebe yingxenye yomkhankaso ngesifo i-Alzheimer esigodini iNdwebu Amalungu omphakathi abefike ngobuningi bawo. Asebekhulile baphiwe izipho kulo mcimbi.**




bawumthombo wobuhlakani futhi baqaphe okungamagugu kwethu. Ukusolwa ngobuthakathi, okuyinkoleloze, akuphazamisi kuphela ukuphepha nokuphila kwabo kodwa kubuye kudlavuze ukhukho umphakathi othembele kulo," kwengeza uMphathiswa enxusa imiphakathi ukuba ibe yimbumba futhi ikhulume ngazwi ngazwi linye ukuhlukunyezwa kasebekhulile.

"Sicela ukuba zonke izakhamuzi ukuba ziziqhelelanise nezenzo ezilimazayo ezinjengalezi ezihlukumeza amalungelo asebekhulile. Kuyaphoqa ukuthi sihlangane njengomphakathi sivikele izakhamuzi ezindala futhi sikhuthaze isiko lokuhlonipha, ukunakekela nokuzwelana. Ukubhekana nalokhu kudinga ukuba siqothe umyombo wakho, okuvame ukubangwa izimo zenhlalo, ezomnotho Kanye nezamasiko," kusho uMphathiswa.

Ngesikhathi ehambele le ndawo uMphathiswa uKhoza uzinikeze isikhathi wagubha nalabo asebeneminyaka elikhulu bedla anhlamvana uMariah Nhlangulela, uNtombile Masango noNtombi Ngubo. Uziphe izipho lezi zakhamuzi esezikhule kukhona namavawusha okuthenga ukudla. Balinganiselwa kwabangamashumi amahlanu asebekhulile abathole iSocial Relief of Distress (SRD) ebiza Inkulungwane namakhulu amathathu namashumi ayisikhombisa nesishiyagalombili (R1 378) iyinye. Umnyango wezenhlakahle uzibophezele ekusebenzisaneni nabaholi bomphakathi, izinhlangano zomphakthi nezizinda ezibhekele ukusebenza komthetho ukuze kuqapheliswe abantu mayelana namalungelo nesithunzi sabakhulile futhi kuhlinzekwe ukwesekwa nokululekwa ngokwengqondo kulabo abayizisulu.







# UMphathiswa uZuma uqinisekisa abesifazane indawo emkhakheni wezolimo















**UMphathiswa Wezolimo Nokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya uMnu uSuper Zuma ehambisana nomeya wesifunda uKhansela uZamo Nxumalo badlulisele ngokusemthethweni iNtuso Farm engaphansi kukamasipala wendawo iDr Nkosazana Dlamini-Zuma.**



**INtuso Farm idluliselwe ngokusemtheweni kubanikazi bayo emcimbini obusendaweni yaseDr Nkosazana Dlamini-Zuma.**

UMPHATHISWA womnyango wezolimo nokuthuthukiswa Izindawo Zasemakhaya KwaZulu-Natal uMhlonishwa uSuper Zuma, unxenxe abesimame nentsha ukuba babambe iqhaza ngokugcwele emkhakheni wezolimo, ethi kunesidingo sokuthi babambe iqhaza elisemqoka ekuguquleni lo mkhakha.

UMphathiswa uZuma ukusho lokhu ngesikhathi enikezela ngodedangendlela wendawo wokulima waseNtuso ongamahektha ayizinkulungwane ezimbili namakhulu amahlanu-2500 osemakhaya aseBulwer, ngaphansi kukaMasipala Wendawo iDr. Nkosazane Dlamini-Zuma kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala.

UZuma ubephelekezelwa umeya wesifunda iHarry Gwala uZamo Nxumalo, umeya kamasipala iDr. NDZ uSindisiwe Msomi, abaholi bakaHulumeni abavela emikhakheni ehlukene kaHulumeni, abaphathi kanye nezikhulu eMnyangweni nakomasipala. UMphathiswa uZuma uthe kufanele ngabe abesifazane bakwezolimo. "NjengoMnyango siyazigqaja ngomsebenzi onzima kanye nempumelelo esiyibona kuso sonke isifundazwe uma sihlola umsebenzi ophathwe ngabalimi besifazane. Ngiqinisekisa bonke abalimi besifazane abasha abazibophezele ukukhulisa abalimi abasakhasa ukuba babe ngabalimi abahwebayo," kusho uZuma". Wengeze ngokuthi kunentsha eqeqeshiwe ngeizindlela zesimanje zokusebenza kwezolimo njengoba kusemqoka ukuthi intsha enolwazi Iba yingxenye yomkhakha wezolimoha ukuze kwande imikhiqizo yezemvelo.

"Ngiqaphele futhi ngabona ukuzibophezela nokuzinikela okukhonjiswe ngabalimi bethu besifazane osekwenze ukuba sakhe amasu azokwenza ukuba abesifazane bangene ngisho nasezimakethe zamazwe ngamazwe," kusho uZuma.

UMphathiswa ubuye wancoma iNtuso Farm ngokukwazi ukufinyelela emakethe njengoba befakela uPick 'n Pay, uSpar nezinye izitolo ezidayisa ukudla. "Ngithi bonke abesimame ababhukule futhi balingise ukubekezela okwakhonjiswa amaqhawekazi aselandulela elimagada ahlabayo. Amaqhawekazi afana noLillian Ngoyi, uWinnie Madikizela-Mandela, namanye amaningi. Ukunqoba ububha, ukungalingani nokungaqashwa esifundazweni sethu, abesifazane nentsha kufanele bazihlele bangene amabhizinisini athile abhekela leso naleso sidingo embhidlangweni wohwebo.

Emazwini akhe okwamukela umeya wesifunda IHarry Gwala uZamo Nxumalo uthe,'IHarry Gwala Development Agency yethu ibe nenkundla yokucobelelana ngezamabhizinisi ezinsukwini ezimbalwa ezedlule lapho abesifazane abangabanini bamabhizinisi bethole ukwesekwa ngokwezimali, sifuna ukuqhubeka seseamabhizinisi amaningi okungawebesifazane. Lokhu kufanele kukhuthaze abanye ukuthi bangene kwezamabhizinisi," kusho uMeya uNxumalo.

## UMBIKO NGENQUBEKELAPHAMBILI YEPHROJEKTHI

## UHLELO LOKULETHA AMANZI EGREATER MNQUMENI ISIGABA SESI-5

# UKUTHUTHUKISWA KWEMISEBENZI YOKUHLANZA AMANZI EGREATER MNQUMENI

**INOMBOLO YENKONTILEKA: HGDM769/HGDM/2021** **UHLOBOLWESIBONELELO: MIG**

| | | | |
|---|---|---|---|
| **Indawo** | **Izinkombandawo** | Lat | S 30° 27' 21.18" |
| | | Long | E 30° 00' 40.48" |
| | **uMasipala Wendawo** | uMzimkhulu LM | |
| | **iWadi** | 12, 13, 14 & 16 | |

**IZINKAMPANI EZISEBENZAYO**

| | |
|---|---|
| **Onjiniyela** | ECA Consulting Engineers |
| **i-ISD** | HGDM Internal |
| **Usonkontileka** | Aqua Plan SA |

| **ABAHLOMULAYO** | |
|---|---|
| **Inani Labantu** | 33456 |
| **Inani Labahlomulayo** | Imizi 5576 |
| **Abahlomulayo 2014** | Imizi 5576 |

| **IZIMALI ZENKONTILEKA (zonke izimali zifaka iVAT)** | |
|---|---|
| **Inani Elinekezwa Inkontileka** | R 49 494 949.49 |
| **Inani Ngamaphesenti Kosuwenziwe (kubalwa nebanjiwe)** | 78% |

**UBUNGAKO BOMSEBENZI**

Umsebenzi ongaphansi kwalesi sivumelwano uzoba owomsebenzi owodwa weCivil, Mechanical ne-Electrical. INkotileka enkulu kuzoba eyeCivil Contractor kanye/noma neMechanical Contractor futhi izoziqashela yona oSonkontileka Abancane okungaba abeCivil kanye/noma neMechanical kanye ne-Electrical.

Umsebenzi ongaphansi kwalesi Sivumelwano uzofaka umumomdwebo ophelele, ukubhalwa kwemiqulu yokwakha kanye nokulethwa kwazo zonke izinto zokusebenza, imishini, amaphaneli kagesi nawokulawula. Izinto zokukala nokulawula, amakhebula nazo izinto ezihambisana nawo kanye nezinto ezidingakala endaweni ngayinye, izisebenzi, amathuluzi, imishini emikhulu, ukusebenza okusezingeni, izithuthi, amanzi, umoya ocindezelwe, amandla kagesi kanye nakho konke okunye okudingakalayo ukuze kwakhiwe ngendlela futhi kuphele ngesikhathi seSivumelwano Esinqunyiwe, konke njengoba kubekiwe ku-Employer's Requirements njengoba kukhonjisiwe noma kwachaziwe lapha.

Amanzi amsulwa azodonswa emfuleni Ibisi ampontshelwe kuso isigcinamanzi samazi amsulwa endweni lapho kukhona khona imishini yokuhlanza amanzi. Indawo ehlongozwayo yokuhlanza amnzi izofakwa amanzi amsulwa asuka kuso isigcinamanzi esikhona.

Amanzi asehlanziwe azosiwa kuso isigcinamanzi samanzi ahlanzekile aphuzekayo.

Indawo yokuhlanza amanzi ehlongozwayo izoba sesakhiweni esifanelekile. Okuyizidinga zokuhlanza amanzi kuzoba yilokhu okulandelayo:

- Ukulethwa kwamanzi amsulwa  asuka esigcinenimanzi samanzi amsulwa kuya epayipini lesitsha esiqoqa izibhidi.
- Kufakwa amakhemikhali ahlanza amanzi kubalwa iklorini, izijiyisi neziqoqizibhidi.
- Ukufakwa kukalayimu (umcako omhlphe).
- Ukwakha izitsha kanye namathangi kokusebenza amakhemkhali.
- Ukuxutshwa masinyane kwamakhemikhali namanzi amsulwa.
- Ukuxuba okunensayo/ okuqoqa izibhidi kulokho okumiselwe ukuqoqa izibhidi njegobheseni/umgudu/ipaipi eliyinsontane noma ipayipi elingenisayo elisasisefo esicwengini.
- Ukucwenga amanzi anezibhidi ezicwengini ezingunxande/eziyindilingi/eziguqulayo noma ezigijima kakhulu.
- Ukugcinwa kwamanzi acwengekile kusampu/ emthonjeni ocwebile.
- Ukuphampa amanzi asiwe ezihluzini ezisebenzisa umfutho.
- Ukuhlunga ngesihlabathi amanzi acwengiwe ezihluzini ezisebenzisa umfutho.
- Ukugcinwa kwamanzi ahlungiwe emthonjeni ocwebileyo.
- Ukuhlanza ngokuphindisa emuva kwalokho obekusetshenziswa ezihluzini ezisebenzsa umfutho kufalwa nokuphala ngomoya.
- Ukubulala amgciwane emanzini ahlanziwe Kanye nokulapha izinto ebezisebenza.
- Ukuphampa amanzi asenziwe konke asiwe kuso isingcinimanzi esikhona.
- Ukusingathwa kokusale kuhlanzwa amanzi kanye nokubuyiswa kwamanzi okade kuhlanzwa ngawo (amanzi angcolile, awokuhlanza uphindisela emuva nawokuhlambulula).

Amanzi asehlanzwe okokugcina azofakwa izibulalimagciwane ngokusebenzisa igesi yeklorini abuye asuswe ethangini eligcina amanzi ahluziwe ayiswe kuso isigcinimanzi esikhona samanzi ahlanziwe ukuze asatshalaliswe aye emphakathini. Umklamo wemisebenzi wohlelo lokuphampa amanzi phezulu lunalokhu okulandelayo:

- Ukubuyisela esimweni amandla omdwebomumo eziteshi eziphampa amanzi, kubandakanya nokulungisa lapho kudingeka khona.

**IZINKINGA EZIKHONA/EZINGABAKHONA**
Iphrojekthi yamiswa mhla ziyishumi kuNhlaba ngonyanga wezi-2023 ngenxa yezinkinga yezezemvelo, usonkontileka walungisa kuhambisa nohlaka lokulungisa. Umsebenzi wokwakha wabuye waqhubeka mhla zintathu kuNtulikazi ngonyaka wezi-2023.

**UKUBAMBEZELEKA NESICELO SOKWELULWA KWESIKHATHI**
Isikhathi esibekiwe ngenxa yokumiswa komsebenzi sabekelwa umhla zili-15 kuZbandlela wezi-2023.

**UKUQEQESHA NOKU DLULISWA KWAMAKHONO**
Azikho izisebenzi zendawo eziqashiwe okwamanje ngoba uSonkontileka usafuna okokusebenza futhi usahiqiza. Uma nje uSonkontileka esesilungisile isiza nomsebenzi waqala zizobe seziyaqashwa izisebenzi zendawo kule phrojekthi.

Izibalo zokuqashwa kwezisebenzi zendawo kanye nokwenzwa abe-EPWP kuletha imininingwane kanye nemihlomulo okuyiyona etholiwe kuMasipala njalo ngenyanga.

**UKUPHAWULA**
ISitifiketi Sokwedlulisela sasayinwa zingamashumi amabili nesithupha kuMfumfu ngonyaka wezi-2022.

**Inqubekela Phambili:**
Umsebenzi wamiswa ngenxa yokuthi kukhona okungazange kuhambisane nezezemvelo. Usonkontileka kwadingeka ukuba alungise lezi zinkinga. Umsebenzi waqhubeka mhla zintathu kuNtulikazi ngonyaka wezi-2023.
**Okusasele ukaba kulethwe yilokhu:**
1) Okokubeka isihlabathi esizosefwa
2) okukubeka ompompi.

**Izinkinga Ezihlonziwe:**
**Izinselelo:**
- Ngenxa yokubambezeleka ngasohlangothini lukaSonkontileka ukuba aqalise ukuqasha osonkontileka abancane ukwakhiwa kubambezelekile.
- Izinsuku ezinezmvula



**Umsebenzi  - Ukulungiselela indawo lapho kuzosefwa khona isihlabathi.**



**Ukwakhiwa kwesilebhu sethangi kuyaqhubeka.**



**Izihlanzi,  izishubisi kanye nethangi lezibhidi, izinminiselamuva,ithangi lamanzi ahlnzekile, ukulungiswa kwendawo yokuhlunga isihlabathi kanye nendlu yeklorini.**

# UHLELO LOKUFAKWA KWAMANZI EHIGHFLATS

### 1. INANI LOMSEBENZI

Ngaphansi kwale kwalomsebenzi usonkontileka kudingeka akhe uhlelo lokusabalalisa amanzi eHighflats futhi imisebenzi inalokhu okulandelayo:

- Ukwakhiwa kwepayiphi elikhulu elingu-2050m - 90mm Ø lePVC lika-class 20.
- Ukwakhiwa kwepayiphi elixhumanisayo elingu-1 267,20m - 75mm Ø HDPE.
- Ukwakhiwa kwendlu yokupompa kanye nepitsi esilafakwe konke.
- Ukumisa ithangi lensimbi eliphakanyisiwe elingama-150KL 10m kanye namavalvu ahambisana nalo.
- Imigudu yamapayipi emibili ngokubhola okuvundlayo.
- Amapayiphi amile ayishumi.
- Amavalvu akhucululayo amabili.
- Amavalvu omoya amathathu.
- Ukufaka izimpawu zemigudu namavalvu okungamashumi amane

### 2. INDAWO YOMSEBENZI

Lomsebenzi ungaphansi kukaMasipala wendawo uBuhlebezwe kumasipala wesifunda iHarry Gwala.




### 3. IMININININGWANE YENKOTILEKA

| | |
|---|---|
| Inombolo Yenkontileka: | HGDM 746/ HGDM/2021 |
| Usonkontileka: | Makize Plumbing and Projects |
| Inani Lenkontileka: | R 8 044 554,48 |
| Usuku Lokuqala: | 13 June 2022 |
| Usuku Lokuphothula: | 17 March 2023 |

### 4. ABAHLOMULAYO

Lomsebenzi uhlomulise wonke umphakathi waseHighflats onemizi engamamakhulu amahlanu namashumi ayisithupha nambili-562.

### 5. IMISEBENZI ETHOLAKELE

Amathuba okuqashwa akhiwe yile phrojekthi nanka:

- Imisebenzi yesikhasana eshumini nambili-12.

### 6. IZITHOMBE ENDAWENI YOMSEBENZI

**6.1. Indlu yokupompa**




**6.2. Ithange eliphakanyisiwe elingama-150kl**



**6.3. Ipayiphi elimile.**




# UHLELO LOKUFAKELWA KWAMAZNI KANCAKUBANE

Umsebenzi ukuWadi 1 ngaphansi kukamasipala wendawo Ubuhlebezwe. Lomsebenzi ufaka phakathi ukwakhiwa kwepayiphi elikhulu elingamamkitha aw-1.8km elihambisana nezindawo zokungena, ukwakhiwa kwendlu yokusebenzela, indlu enikeza amandla okupompa nokulungisa emsebenzini ekhona yokuhlanza amanzi eNcakubane. Lomsebenzi wenziwa yiTower City Trading komsebenzi wenani eliyizigidi eziyisishiyagalombili zamarandi nezinkulungwane ezingamakhulu ayisishiyagalolunye nesikhombisa nokubili nekhulu lamarandi namashumi ama ayisithupha nambili.-R8 972 162,00. I-WTW iyasebenza futhi iyindawo yokwetha amaloli amanzi efakwe engxenyeni wemisebenzi ukuze kuhlinzekwe imiphakathi. Indawo yokwetha amaloli amanzi isiqediwe, yahlolwa futhi okungamathize thizeni sekuyaphothulwa. Yonke iphrojekthi njengamanje isisemaphethelweni.
Inani lemizi ezohlomula lilyizinkulungwane ezimbili namakhulu amahlanu nane-2 504.



**Isiteshi sokudonsa amanzi siphelile futhi siyasebenza.**



**Indawo yokucwenga: Isicwengi, Ithangi lamanzi azocwengwa, nethangi eliqoqa izibhidi – konke kuyasebenza.**



**Indawo ekhuphula umfutho wamanzi – isiyaphothulwa sekuwubheka lapha nalapha okuwenziwayo manje.**



**Sekuqediwe ukufakwa kwamavalvu epayiphini uRM2.**



**Isigcinimanzi samanzi ahlanzekile esikhona futhi esijutshelwe lokho. Ukuvimbela ukumfimfa kwamanzi kuyadingeka kwenziwe ungoti ongusonkontileka omncane.**



**Ukuqedelwa nokusebenza kwendawo yokwetha amaloli amanzi – isigaba sokugcina nokubheka lapha nalapha okuqhutshwayo manje.**



**Isakhiwo sangaphambilini saseMahehle sengoxe yepayiphi elifakayo lesigcinimanzi. Isilebhu saphezu kwengoxe, okudingangalayo kwamapayiphi kusazofakwa.**

# UHLELO LOKUFAKELWA KWAMANZI LWASEKHUKHULELA

Umsebenzi wokufakela amanzi ikuWadi 5 ngaphansi kukaMasipala iDr. Nkosazana Dlamini-Zuma. lomsebenzi unezivumelwano zokusebenza ezintathu ezimbili zazo sezisesigabeni sokuphothulwa. Usonkontileka osasebenza kumanje oweSihlahlasiya' Hluma Construction ephathelene nokwakhiwa kwesigcinamanzi esimumatha imegalitha eyodwa. Umsebenzi uhlanganisa ukwakhiwa kwethangi eliyisigcinimanzi elimumatha ama-500KL, ukuhlanza nokufaka amaphayiphi amanzi esigodini iMpumulwane, ukwakhiwa kwephayipi elikhulu elukhuphukayo elingama-4,6km elivuleke ngama-90mm kuya ema-160mm iphayipi lensimbi egobekayo noma le-UPVC, ukufakwa no nokuletha okokusebenza kwamapitsi. Umsebenzi wenziwa Ilezinkapmani ezilandelayo: iMsalela Transport ngomsebenzi wenani elizigidi ezingamashumi amabili nesikhombisa zamarandi kanye nezinkulungwane ezingamakhulu amane namashumi ayisishiyagalolunye nambili-R27 492 878,76, iMakize's Plumbing and Projects komsebenzi wenani elizi-R7 547 081,08 neSihlahlasiya' Hluma Construction komsebenzi wenani eliziyizigidi eziyishumi nesishiyagalolunye zamarandi nezinkulungwane eziyikhulu namashumi amabili nantathu-R19 123 915,51. Lomsebenzi izosiza lezi zigodi; iMpumulwane, iDazini, iMnwaneni, iGxalingenwa. Kulomsebenzi kuzohlomula Imizi eyizinkulungwane ezimbili namakhulu ayisishiyagalolunye namashumi ayisishiyagalombili nane -2 984.



**Ukwakhiwa kwendlu yomqaphi endaweni yePackage Plant nesigcinimanzo eKhukhulela.**



**Ukwakhiwa kwesilephu sePackage Plant kohlelo lwamanzi eKhukhulela.**



**Ukuhlolwa kokugcina kwesigcinimanzi samanzi acwebile esingama-500kl ohlelweni lwamanzi eKhukhulela.**



**Amathangi asefakiwe ePackage Plant.**



**Amapayiphi amile aseqediwe eMpumulwane.**



**Indlu yomqaphi esiphelile ePackage Plant.**







**UMeya Wesifunda uKhansela uZ.D. Nxumalo ufakane umlomo nomphakathi ngokuhlinzekwa ngentuthuko ngesikhathi enenkulumo mpendulwano kamuva nje nomsakazo iGagasi FM.**

# UMeya Wesifunda uKhansela uZ.D. Nxumalo uxoxisane nomphakathi ngokulethwa kwezidingo ngesikhathi ethula inkulumo kumsakazo iGagasi FM

NJENGENGXENYE yokubonisana nomphakathi, umeya Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZ.D. Nxumalo yaqhube nokusebenzisana nezinhelo zokuxhumana nomphakathio njengemisakazo ngenhlosos yokwazisa umphakathi ngebanga eselihanjiwe mayelana nokulethwa kwezidingo emphakathini eyakhele sisfunda iHarryy Gwala.

Ubufakazi balokhu kube nenkulumongxoxo abe nayo neSiteshi Somsakazo KwaZulu Natal iGagasi FM ntambama ohlelweni Indaba olushayelwa ngu-Alex Mthiyane.

Uhlelo beluvulelekele wonke umlaleli lapho bebeshaya Iziznġcingo bebuza imibuzo esemqoka ngolwazi oluphathelene nezinhlelo zokuhlinzeka ngezinsizakalo. Iningi labalaleli belincoma ukusebenza kukamasipala bebonga ngokulethelwa Izidingo zabo.Bakhona abambalwa ababuze Imibuzo edinga Izimpendulo ngalokho abakhala ngako. uMeya uNxumalo uphendule yonke imibuzo futhi waqopha phansi lokho obekuyizincomo zabalaleli ngenhloso yokuthi uzolandelela kwezinye izindaba zokuhlinzeka izidingo, ethembisa ukuthi uzobuye abuye emsakazweni abazise abalaleli.

Umeya uNxumalo uthe lokhu kusemqoka ukuba axhumane nemiphakathi ukuze athole izeluleko ngezindaba ezidinga ukuba zisukunyelwe ngokushesha.

"Ngaphandle kokuthi kusemthethwe ukuthi sixhumane sazise amalungu omphakathi sinomgomo wokubika ngalokho esikwenza emphakathini nanokuthi yikuphi okungahambanga kahle emisebenzini esiyenzayo nakuleyo misebenzi ebonakala ishaya ngonyawo lonwabu," kusho umeya uNxumalo.

Echaza ngezindaba ezithinta amanzi, uthe amanzi nenhlanzeko yikhona okuwumongo wokusebenza kukamasipala wesifunda iHarry Gwala. Ubuye wathi njengoba unyakamali wezi-2024/2025 uMasipala ubeke eqhulwini ukulandelela kokusebenza ukuze Imisebenzi Iphele ngesikhathi futhi umphakathi uzuze kuleyomisebenzi eyenziwa umasipala

UMeya utshele umphakathi emsakazweni ukuthi ekuseni kwalolo suku unikezele ngezimoto eziyishumi namabili ukuqalisa Inyanga yezokuthutha. "UMasipala uyazigqaja ukumemezela ukuthi lezimoto ezengeziwe zizosiza umnyango wezamanzi ukuze uthuthukise ukuhlinzekwa ngezidingo kubantu besifunda. Kuyajabulisa kakhulu ukuthi sekuphelile ukuqashwa kwezimotoi obekudla kakhulu ezimalini njengoba lezimoto zingezikamasipala futhi zibhaliswe ngegama likamasipala," kusho umeya uNxumalo.

Umeya ubonge ithimba leGagasi FM ngokumamukela kahle ikakhulukazi umethuli wohlelo uMnu u-Alex Mthiyane nabanye abenze ukuba khona kwakhe ohlelweni lomsakazo lube yimpumelelo.

# Imihlangano yoHlelo Lwentuthuko Oludidiyelayo











**Umasipala Wesifunda iHarry Gwala nomasipala abane abangaphansi kwawo abane okuwuBuhlebezwe, uMzimkhulu, iGreater Kokstad neDr. Nkosazana Dlamini-Zuma babenemihlangano behambela isifunda bedingida ukulethwa kwezidingo zomphakathi.**

UMASIPALA Wesifunda iHarry Gwala wethule umbukiso woHlelo Lwentuthuko edidiyelwe (IDP) kanye nollaka Lokusebenza lwentuthuko endaweni (SDF) ngokuhlangayela lonyakamali wezi-2023/2024 nobuholi bomdabu ezindlini zomkhandlu eXopo.

Lomkhankaso uqondiswe ebuholini bomdabu ngenhloso yokwazisa kanye nokudlulisa okusha okwenzakalayo mayelana nokuhlinzekwa kwezidingo ezindaweni zabo.

Usomlomo kumasipala Wesifunda iHarry Gwala uSbongiseni Mdunge, ethula i-IDP kamasipala uthe kube nesidingo sokuthi amakhosi nezinduna bazi ngokuthi umasipala uhlelani okuzosiza imiphakathi.

Amakhosi abuye agqugquzelwa ukuba akhulume namalungu omphakathi uma enezimbizo zokuhlinzekwa kwezidingo futhi bawahlomise babuye bawagqugquzele ukuba abhalisele ukuvota njengoba lokho kunomthelela esabelwenimali.

Umeya kumasipala uBuhlebezwe ukhansela u-E.B Ngubo wethule izinhlelo zikamasipla wakhe nge-IDP ngesikhathi usekela meya kumasipala Dr Nkosazana Dlamini-Zuma uKhansela Kholeka Hadebe enza okufanayo. Amakhosi ekhuluma ngesikhathi kuboniswana azwakalise ukubonga kwawo okukhulu ngobudlelwano obuhle abanabo nomasipala wesifunda iHarry Gwala kanye namasipala bendawo. Amakhosi anxuse ukuba atshelwe ngokuphelele mayelana nanoma iyiphi intuthuko eyenzeka endaweni ukuze azi ngaphambi kokuthi kube khona okwenziwayo.












**Imihlangano yohlelo Lwentuthuko Oludidiyelayo (IDP) belukhona luzungeza lapha esifundeni kuskela ngoMandulo kuya ekupheleni kukaMfumfu.**

## Uhlelo i-IDP

Ngokwezimiso zeSahluko 4 soMthetho Wezinhlelo Zomasipala uNombolo 32 wezi-2000, iSigaba 16 siphoqa omasipala ukuba bakhe isiko lokuzibandakanya komphakathi ezindabeni zamasipala. ISigatshana 1 sithi "umasipala kufanele akhe isiko lokubusa kukamasipala okulekelela ukumeleleka ngokusemthethweni kuhulumeni nohlelo lokubusa.

I-IDP ingumqulu kamasipala wamasu eminyaka emihlanu obuyekezwa minyaka yonke. Yonke intuthuko eyenzeka kumasipala kufanele iqoshwe ngokuphelele ku-IDP.


Ngokufanayo, akukho ntuthuko engenziwa noma kukuphi kumasipala ingekho ku-IDP futhi isuke ivukuzwe ngabantu.

Kungalesi sizathu uMasipala Wesifunda iHarry Gwala ibe nemibukiso ye-IDP ngoMfumfu nangoLwezi wezi-2023 ukuze uthole imibono yomphakathi mayelana nezidingo zawo zentuthuko. Le mibono noma izingqinamba zabe sezisetshenzwa yilolu phiko lubambisane neminyango wamanzi nowengqalasizinda.

Njengesikhungo samanzi nomhlinzeki wamanzi, izinkinga eziphakanyisiwe lapha yilezo ikakhulukazi eziphathelene nalokho okuletha amanzi nenhlanzeko.

UMasipala ukutholile ukuthi kunezigodi ezinganawo amanzi angaphuzwa futhi wathembisa ukuthi uzophuthumisa izidingo emiphakathini edingayo. Ezinye izigodi zithola amanzi ngamaloli nangeziphethu ezivikelekile.

# UMasipala Wesifunda iHarry Gwala Usingatha Imbizo KaHulumeni enkulu ubuye udlulisele izindlu emphakathini waseKromhoek





**Umphakathi waseKromhoek unikezwe izindlu emcimbini weMbizo yomphakathi ebikhona endaweni. Amasekela ongqongqoshe, aBaphathiswa oMeya bebehambele lo mcimbi.**

UMASIPALA Wesifunda iHarry Gwala uholwa uMhlonishwa uMeya uKhansela uZamo Nxumalo ubambisene nomnyango wezokuhlaliswa kwabantu oholwa umphathiswa umhlonishwa uSipho Nkosi, wethule umbiko obeyimpumelelo kule mbizo eKromhoek kuwadi 20 ngaphansi kukamasipala wendawo uMzimkhulu.

Inhlosongqangi yokubika kule Mbizo bekuwukudlulisela ngokusemthethweni izindlu eseziphelile ezingamashumi ayisithupha-60 emindenini ebihlala ezindlini zodaka ezingaphephile ngokohlelo lwe-Operation Sukuma Sakhe Intervention.

Lo mcimbi bewuhanjelwe abantu abaningi kubalwa nekhomishini yokhetho ezimele yaseNingizimu Afrika (IEC), inhlangano yabesifazane kwezokwakha eNingizimu Afrika (SAWIC), umnyango wezempilo, umnyango wezasekhaya kanye nomnyango wezolimo nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakha

Umcimbi ubuhanjelwe nayizikhulu zikaHulumeni wesifundazwe okubalwa umphathiswa wezenhlakahle uNonhlanhla Khoza, kukhona nsSekela likwagqongqoshe wezokuhlaliswa Kwabantu uPamela Tshwete, isekela likagqongqoshe wezimbiwa namandla uDkt uNobuhle Nkabane, isekela likagqongqoshe wezamanzi nenhlanzeko uJudith Tshabalala, isekela lika gqongqoshe wezokuxhumana nezobuchwepheshe  uPinky Kekana, imeya yseMzimkhulu uJabulile Msiya kanye nobuholi bomdabu bendawo.

Kube yisikhathi senjabulo emphakathini waseKromhoek lapho bemukela izindlu zabo kanye nomphakathi wonke uthola izinsizakalo zikaHulumeni.

Usuku lwaqala ngokuthi izikhulu zikaKulumeni ziqale ngokunikezela ngezindlu ezingamashumi ayisithupha,  ekuseni ukuze zihlonze abahlomulayo phakathi kwabo kukhona uNks uNomakhwezi Mjwara ohlala namalungu omndeni ayisishiyagalombili exhokovaneni lodaka elimagumbi mabili kanye nolondo.

UNks wakwaMjwara uthe: “Ngibonga ubuholi ngalokho obungenzele khona nomndeni wami ngoba le ndlu izokwenza omkhulu umehluko empilweni yethu ngoba bengikeke ngikwazi ukwakhela umndeni wami ikhaya elihle kangaka njengoba kungasebenzi ngisho noyedwa.”













**UMeya Wesifunda uZ.D. Nxumalo emhlanganweni weMunicipal Grant Expenditure ugqamise ubumqoka bokuhlabela phambili ngokuhlela ukuqinisekisa ukuthi bonke omasipala bayahlangabezana nokudinga kwenziwe futhi namaphrojekthi aphela ngesikhathi.**

# Ukusebenzisa ukuhlela kwenqukela phambili koKusetshenziswa Kwezibonelelo Zomasipala

UMEYA kumasipala Wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZamo Nxumalo unxuse omasipala bendawo besifunda ukuba balethe izicelo zokusetshenziswa Kwezibonelelo Zomasipala (MGE) njengengxenye yokuhlelela ingomuso.

Omasipala abangaphansi kwesifunda IHarry Gwala nesigcawu sokubika ngezibonelelo lapho bonke omasipala bethule isimo sabo seMunicipal Infrastructure Grant (MIG), se-INEP, se-EPWP neseWSIG mayelana nezibonelelo kanye nokusetshenziswa kwezimali kuze kube manje.

Umhlangano ububanjwe kamuva nje eemahhovisi kamasipalauBuhlebezwe eXopo. "Lo mhlangano akufanele kube owokusetshenziswa kwezimali zeMIG kuphela kodwa nokwabelana ngolwazi. Okwenziwa omunye umasipala okuhle kufanele kuthathwe futhi kusetshenziswe ngabanye omasipala esifundeni sethu. Asibe nokuncintisana okuphilile ukuze sizuze futhi thina sedlule kulokho ebesikuhlosile. Esikudingayo ukugxila ekusebenziseni ukuhlelela ingomuso. Ngesikhathi siqala unyakamali wethu kufanele sibe nezinhlelo esezikhona zeMIG ukuze sikwazi ukusebenzisa u 100% walezibonelelo nezinye," kusho uMeya uNxumalo.

Ephendula ngokuba khona kwale mihlangano umeneja kamasipala kuMasipala iGreater Kokstad uMnu uSipho Zwane uhambe emazwini kaMeya ethi le nkundla isiza kakhulu ekwabelaneni ngolwazi.

"Kufanele ngincome usihlalo (uMeya uNxumalo) kanye nethimba eliphakamise ukuba sibe nalo mhlangano ngoba asidingidi kuphela udaba lweMIG kodwa sabelana ngokusebenza okusezingeni eliphezulu. Ithimba lethu lisanda kuhambela eMzimkhulu ukuyofunda kabanzi babhekana kanjani nenselelo yemigodi emgwaqeni, sifunde lukhulu kubona," kusho uZwane.

Umhlangano ubuthanyelwe omeya baseBuhlebezwe, waseDr Nkosazana Dlamini-Zuma nowaseMzimkhulu kanti umasipala iGreater Kokstad ibimelwe umeneja kamasipala nethimba lakhe. Izikhulu ezifanelekile eziqhamuka kubo bonke omasipala kubalwa nezimeneja zomasipala, abaqondisi nezikhulu zezezimali eziphezulu kanye. Umasipala wesifunda ubambe lemihlangano le mihlangano ukudingida inqubekela phambili nokusebenza kwezimali kweMIG.


















**Bekuwusuku olukhulu kubasebenzi ngesikhathi uMeya Wesifunda uKhansela uZ.D. Nxumalo ethula izithuthi ezintsha eziyishumi nambili.**

# UMasipala Wesifunda iHarry Gwala nezimoto ezintsha ezizokwenza ngcono ukuhlinzeka ngezidingo

UKUQALISA inyanga yezokuthutha ebungazwa ngenyanga kaMfumfu , umeya kumasipala wesifunda iHarry Gwala uKhansela uZamo Nxumalo uqhubekile nomsebenzi wakhe ebeka eqhulwini ukuhlinzeka ngezidingo ngokuveza izimoto ukwengeza kulezo ezikhona emkhandlwini emizamweni yokwenza umsebenzi ube ngcono.

Umeya uNxumalo wethule izizmoto ezilandelayo: ama-Isuzu Single Cab 4x2 amahlanu (5), amaNissan Navara Double Cab 4x2 amane (4), iToyota Quantum eyodwa (1), iNissan Navara Single Cab 4x4 eyodwa (1) neSuzuki Sedan eyodwa (1).

Ukutholakala kwalezimoto kwakufakiwe ohlelweni lwesabelomali lezi-2022/23 lapho uMasipala azibophezela khona ukuthenga izimoto ukuze kwenziwe ngcono ukuhlinzeka ngezidingo emphakathini.

Umcimbi wokudlulisela lezimoto ubuhanjelwe ngumphathi kamasipala umnumzane Sineke, umqondisi wezemisebenzi kamasipala uTT Magaqa kanye nezikhulu zeminyango ezobe isebenzisa lezi zithuthi.

Ukuthengwa kwalezi zimoto kuzokonga Imali kamasipala nasemphakathini, sekuzophela ukuqasha izimoto njengoba lezi zingaphansi kwegama likaMasipala.

Ngesikhathi ebheka ukuthi ngabe yonke imigudu yokuphepha ilandeliwe umeya uNxumalo ugcizelele ubumqoka bokusebenzisa izimoto ngendlela efanelekile. UNxumalo uthe lezimoto ezengeziwe zizosiza kakhulu kuwo umnyango wezamanzi okungumsebenzi kamasipala.

Umasipala ukholwa wukuthi lokhu kuzobuye kube nomthelela ekungeniseni Imali emkhandlwini njegoba idingakala.





**Umphathiswa wezemfundo KwaZulu-Natal uNks uMbali Frazer uvule ngokusemthethweni iXoloxolo Primary School ewubukhazikhazi eKokstad ngaphansi kukamasipala wesifunda iHarry Gwala. Iesikhungo semfundo sidle umnyango wezemfundo KwaZulu-Natala izigidi ezingamashumik amahlanu nesithupha zamarandi-R56 million, sinamakilasi angama-25. UMphathiswa uFrazer ubehambisana nesekela lemeya uNosisa Jojozi, usomlomo kamasipala uSibongiseni uMdunge, umeya kamasipla iGreater Kokstad uLwanda Madikizela, usekela lemeya yaseKokstad ukhansela uWalker, aMakhosi ayisikhombisa endlu yomdabu nomeluleki kamengameli  uJomo Sibiya.**

# UMphathiswa uFrazer uvule ngokusemthethweni iXoloxolo Primary School ewubukhazikhazi besimanje

UMPHATHISWA Wemfundo KwaZulu-Natal, uMbali Frazer uvule ngokusemthethweni iXoloxolo Primary School ewubukhazikhazi besimanje eKokstad kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala kulezi zinsuku.

Kusebenze ngaphezu kwezigidi ezingama-R56 ekwakhiweni kwale ngqayizivele yesikole okumanje siyinsika yethemba kubafundi baseKokstad nakuso sonke iSifunda iHarry Gwala kusho uMphathiswa uFrazer.

Uthe iXoloxolo Primary ingesinye sezibonelo esihle uMnyango Wemfundo KwaZulu-Natal ozimisele ukuhlinzeka indawo efanelekile nephephile yokuqhuba ukufundisa nokufunda.

Ukwakhiwa kwesikole iXoloxolo kwaqala ngoNhlangulana wezi-2019 kwaphothulwa ngoZibandlela wezi-2021. Lomsebenzi uke wabambezeleka  ngenxa yeCovid-19 kodwa osonkontileka bazinqoba izinselelo abahlangabezana nazo.

Amathuba emisebenzi adalekile kubantu bendawo ayikhulu namashumi amathathu nesishiyagalombili, kwahlomula nosonkontileka bendawo abasafufusa. “Sihlala sigcizelela ukuthi imiphakathi yendawo kufanele ihlomule emisebenzini yokwakha ezindaweni zayo njengoba lokhu kuyingxenye yesu likaHulumeni lokulwa nobubha, ukungalingani nezokuswela umsebenzi,” kusho uMphathiswa uFrazer.

IXoloxolo Primary School inalokhu okulandelayo:

- Izakhiwo zokuphatha,
- Amakilasi angamashumi amabili nanhlanu,
- Amakilasi amahlanu akwaGrade R,
- Isitolo sesivande,
- Indlu esesangweni,
- Ikhishi lohlelo lwezokudla esikoleni,
- Izindlu zangasese zamantombazane eziyisithupha,
- Izindlu zangasese zabafana eziyisithupha,
- Izindlu zangasese zothisha,
- Indlu yangasese yabakhubazekile
- kanye nobuchwepheshe bokubamba ukuguguleka kwenhlabathi.

Ubuxhakaxhaka bezokuxhumana ngobuchwepheshe obufakwe eXoloxolo Primary School bubandakanya:

- ISmart Interactive Screen,
- Iphrojektha eyi-Ultra-short Throw,
- Amaphrojektha asekilasini ajwayelekile awubuchwepheshe besimanje angamashumi amabili nesishiyagalombili,
- Amabhodi amhlophe angacwebezeli angamashumi amabili nesishiyagalolunye-29,
- Ithroli eshaja amakhompuytha,
- Amalaptop abafundi angamashumi amane
- Amal othisha angamamashumi amabili nanhlanu,
- Iseva equkatha lonke ulwazi,
- Irooter enekhadi elinedata kanye nezindawo zokudonsa eziyishumi nanye.

Bonke othisha baseXoloxolo Primary School baqeqeshiwe ukuze bakwazi ukusebenzisa ubuxhakaxhaka bezokuxhumana obulethwe esikoleni. Ngesikhathi ethula inkulumo umphathiswa uFrazer unxuse ikomiti laseKokstad ukuba livikele iXoloxolo ebugebengwini nakweminye imizamo yokuphazamisa ukufundisa nokufunda esikoleni.

USibiya uthe lesi sikole sisenhliziyweni yakhe njengoba kwaba yisikole sokuqala asihambela ngesikhathi ethatha isikhundla sokuba umphathiswa wezemisebenzi yomphakathi KwaZulu-Natal ngesikhathi sehlandla lakhe.

# Izigameko zemvula enkulu nokuduma kwezulu

**USUKU LWESIGAMEKO: 16 – 17 kuMFUMFU 2023**

IMVULA enkulu nokuduma kwezulu obekulindeleke ukuba kuqale ngoMsombulu ziyishumi nesithupha enyangeni kaMfumfu kuze kube ulwesibili mhla ziyishumi nesikhombisa kuMfumfu onyakeni wezi-2023 kungenye yezinto ebeziqashwe ngeso lokhozi umasipla iHarry Gwala.

Mhla ziyishumi nanhlanu enyangeni kaMfumfu omnyakeni wezi-2023 inhlangano yesimo sezulu eNingizimu Afrika (SAWS) ikhiphe isexwayiso sesigaba sesithupha semvula embi. Ngenxa yesixwayiso semvula enkulu umasipala wesifunda iHarry Gwala wabikela ikomidi elisebenza ngokubambisana (JOC) ukuzilungiselela isimo esingagcina sivelile kanye nokuqinisekisa nokuvikela umphakathi njengoba isimo sezulu esibi singaba yingozi empilweni yabantu futhi singaholela ekubhidlikeni kwemigwaqo namabhuloho. Omasipala bendawo nabo babe yingxenye yemihlangano Bonke bethule isimo sokuzilungiselela kanye nezinhlelo abanazo ukubhekana nesimo sezulu kanye nezimvula ezinamandla.

Ngokuhambisana nohlaka lokusebenza lwenqubomgomo kanye noMthetho Wokulawula Izinhlekelele wesigaba samashumi amahlanu nesithupha 56 wonyaka ka-2002, umasipala wesifunda iHarry Gwala kufanele wesekele omasipala bendawo uma kwenzeka kuba nenhlekelele evelayo. Futhi isifunda kufanele sisebenze nabobonke abathintekayo ukuze kutholakale izinsiza ezikhona ukweseka abasebenzi bezinhlekelele. Umasipala Wesifunda iHarry Gwala ubhekelele izigameko ezenziwe ngabantu kanye nezemvelo njengeziphepho, imvula enkulu, ukuduma nokubanika kwezuku, imililo yezakhiwo namaqele kanye nokuminza.

Umasipala wesifunda uyaqhubeka nokuthola uhlelo lwezexwayiso kuseva oluvela kwaSAWS ibambisene nesikhungo esilawula Izinhlekelele sesifundazwe.

## UMASIPALA WENDAWO UBUHLEBEZWE

Umasipala wendawo uBuhlebezwe ubike ngezakhiwo ezinhlanu (5) zodaka ezibhidlikile eCabazi kuWadi 1, eNdwebu kuWadi 11 nakuWadi14. Isakhiwo esisodwa (1) esishiswe ngumlilo KwaBhidla kuWadi 10. Akukho zigameko zokulimala, zoshona noma zokulahleka kwabantu okubikiwe. Imizi emihlanu (5) ithole izinto ezingabasiza okwesikhashana (amashidi eplastiki, omatrasi befomu nobhulankethi) futhi bathola indawo yokufihla ikhanda ezihlotsheni.

Zikhona izinto ezingasiza ezigciniwe: Oplastiki abangamashumi amahlanu nambili (52), Izingubo zokulala ezingamakhulu amane (400) nomatrasi abangamakhulu mabili nantathu(203). Ithimba elilawula izinhlekelele lizohlala limi ngomumo: amavolontiya ayishumi nane (14) kanye nabezinhlekelele abathathu . Uma kuqhamuka isidingo sokuthi kukhishwe abantu emizini yabo basiwe emahholo omphakathi aseduzane kunetekisi elayisha abantu abayishumi nesihlanu kanye namaveni amabili angasetsheziswa ukuthutha bese kuba namahholo omphakathi angamashumi amane nane.

## UMASIPALA WENDAWO uDR NDZ

UMasipala waseDr Nkosazana Dlamini Zuma awubanga nazo izigameko.

Komasipala Bendawo abathathu akuzange kubikwe ngenhlekelele.



**Kube nomlilo wesakhiwo Ubuhlebezwe ward 10, KwaBhidla ngomhlaka 17 kuMfumfu wezi-2023.**



**Ukubhidlika kwesakhiwo eBuhlebezwe, kuWadi 11 eNdwebu mhla ziyi-17 kuMfumfu wezi-2023 okudalwe yimvula enamandla nomoya onamandla.**

---

## UHLELO LUKASHWELE

UMasipala Wesifunda iHarry Gwala usunohlelo lukashwele oluqale ngoLwezi ngonyaka ka 2022 oluyoze luphele ngoNhlangulana ka-2024.

**IZINDLELA ZOKUFANELEKA**

Amakhasimende afanelekile yilawo anama akhawunti anezinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye noma ngaphezulu, noma asemuva ngokukhokha izikweletu afisayo ukuba angene kulolu hlelo lukashwele. Ushwele uzolawulwa kanje:

1. Ama akhawunti azobe esekhokhelwe ingxenye engama maphesenti angamashumi amahlanu yemali yesikweletu sonke ezinsukwini ezingama-30 emveni kokusayina amafomu okucela ushwele uyophulelwa ama-50% esikweletu esesisele.
2. Ama-akhawunti azobe esekhokhelwe ingxenye engama-50% yemali yesikweletu sonke ezinsukwini ezingama-60 emveni kokusayina amafomu okucela ushwele uyophulelwa ama-40% esikweletu esesisele.
3. Ama-akhawunti azobe esekhokhelwe ingxenye engama-50% yemali yesikweletu sonke ezinsukwini ezingama-90 emveni kokusayina amafomu okucela ushwele uyophulelwa ama-30% esikweletu esesisele.
4. Ama-akhawunti azobe esekhokhelwe ingxenye engama-50% yemali yesikweletu sonke ezinsukwini ezili-120 emveni kokusayina amafomu okucela ushwele uyophulelwa ama-20% esikweletu esesisele.
5. Ama-akhawunti azobe esekhokhelwe ingxenye engama-50% yemali yesikweletu sonke ezinsukwini ezili-150 emveni kokusayina amafomu okucela ushwele uyophulelwa ama-10% esikweletu esesisele.
6. Lo shwele ukhipha ngaphandle aMakhansela kaMasipala, iminyango kaHulumeni nezinkampani zikaHulumeni (zombuso).

**Ukuze uthole olunye ulwazi thintana nomasipala: 039 834 8700**





**Usekela meya wesifunda uNosisa Jojozi ukhuthaze izisebenzi zikaHulumeni ukuba ziqinisekise ukuthi zenza umsebenzi wazo esho ngesikhathi sokumbugazo wemisebenzi yomphakathi obuseBulwer.**

# Kubungazwa ukusebenza kwamaThusong Centre aletha Intuthuko emphakathini

NJENGENGXENYE yokubungaza ukusebenza kukahulumeni, uphiko lwezokuxhumana kuhulumeni ngokubambisana nomasipala iHarry Gwala kanye nomasipala iDr Nkosazana Dlamini-Zuma, iminyango kaheulumeni kanye nezinhlangano ezizimele babe nohlelo lokuhambela imiphakathi bephethe izidingo .

Siyingxenye yokukhulisa uhlelo nokubuthanisa, nokukhuculula kanye nokufinyelela emphakathini okwenzeka mhla ziyishumi nesishiyagalolunye kuMandulo kunyaka ka- 2023 . Inhloso yokukhankasa kwabe kuwukukhuthaza imiphakathi ukuthi Igcine Indawo yawo Ihlanzekile.

Kulomkhanakaso kuxwayiswe umphakathi ngobungozi obudalwa yimfucuza elahlwa noma ikuphi.

Njengoba lomkhankaso wawuhlukene izigaba ezimbili, owesibili wabaa zingamamashumi amabili enyangeni kaMandulo nonyaka eBulwer iminyango yayikhona ukwenza imisebenzi nokuhlomisa umphakathi ngolwazi.

Inhloso yokuba kuhlanzwe Indawo ukuba kuxwayiswe umphakathi ngobungozi bokulahla udoti noma Ikephi futhi kunikezwe umphakathi ulwazi ngokuthi bengenza njani ukubika kumasipala laba abatholakala belahla udoti noma Ikephi.

Ngelanga lomcimbi IPhini leMeya weZifunda uKhansela uT.N Jojozi uhambele ITsusong Centre yase iBulwer CSC, ephelezelwa nguKhansela uBhengu wakuWadi 10.

Ukwazi ukucwazelwa ngezinhlelo lesi sikhungo ezinazo, wazibonela ukuthi sizebenza kanjani. UKhansela uJojozi wakwazi nokuxoxisana neziNduna ebezinomhlangano kulesi sikhungo emuva kwalokho babe sebetshale izihlahla njengesikhumbuzo seViki le-Arbor esiba khona minyaka yonke ngoMandulo.

IPhini le Meya neKhansela leWadi baqhubekele endaweni okulethwa kuyo Imisebenzi kahulumeni emphakathini, nalapho abantu bebethola khona ukusizakala. IKhansela uJojozi bahlangane noMqondisi Wesifundazwe kwaGCIS uNdala Mngadi.

Bobathathu bhlanganise amakhanda nababambiqhaza kanye nomphakathi. Ukugoqa lesi sigcawu kube nohlelo

lokucobelelana ngolwazi ngokuphathwa kwezimali kwabo bonke ababambiqhaza besizinda sokusizakala iCSC.

"Sibonga ukubambisana phakathi kweGCIS, uMasipala Wesifunda iHarry Gwala noMasipala Wendawo iDr Nkosazana-Zuma ngokubuthanisa iminyango nababambiqhaza ekuqinisekiseni ukuthi uhlelo luba yimpumelelo. Sibonga yonke iminyango ebi khona iqhubeka nokesebenzisana nokubambisana ngendlela edidiyelayo lapho umphakathi uthola khona izinsizakalo eziningi enaweni eyodwa," kusho uSekela Meya uJojozi.

UHlelo LweSikhungo Sokusizakala iThusong lwaqalwa ngonyaka ka-1999 ukusabalalisa ukufinyelela kwezinsizakalo zikaHulumeni ngendlela edidiyelwe.

Iviki lokugubha ukusebenza kwalezi zikhungo olubizwa nge- Thusong Service Centre week, laqala ukugujwa ngoSepthemba 2014. Lomkhankaso Inhloso sekungunyaka wesishiyagalolunye wenziwa ukuze kuzoqhakambiswa umsebenzi walezi zikhungo kuphinde kunxenxe nezinkampani ezizimele ukuba zibe Ingxenye yalezi zikhungo, zikwazi ukuzeseka. Uhlelo lwe-Thusong week kuba nezinhlelo ezenziwa osopolitiki kusukela kwizinga likazwelonke, lesifundazwe kanye nezinga lomasipala basekhaya.

# Ezemidlalo zinakekela impilo yabasebenzi




**Bekuyimidlalo yonke nokuzijabulisa ngesikhathi sochungechunge lwemidlalo yomasipala.**

UCHUNGE CHUNGE LWEMIDLALO lwalo nyaka lwaminyaka yonke lwenyunyana yezisebenzi komasipala baseNingizimu Afrika (SAMWU) obeluseJeffrey Zungu Stadium (Turf) eXopo kamuva nje ibigcwele injabulo kuqhubeka imibhiyozo.

Inyunyana iSAMWU ayimele, ayilweli futhi ayivikeli amalungelo ezisebenzi kuphela emsebenzini kodwa futhi ihlanganisa abaqashwa ngokusebenzisa ezemidlalo ngenhloso yokugqamisa indlelakuphila enempilo ezisebenzini ezisebenzela umphakathi. Abadlali bebeqhamuka koMasipala abehlukene kuso iSifunda iHarry Gwala sibala uBuhlebezwe, iDr Nkosazana Dlamini Zuma neGreater Kokstad kukhona nezisebenzi ezivela kuso iSifunda. Izisebenzi zomasipala zifike ngobuningi bazo ukuzozibandakanya kule midlalo elandelayo: unobhutshuzwayo (abesilisa nabesifazane), ibhola lomnqakiswano, , ivolibholi, ezokusubatha kubalwa nokugijima ibanga lama-100m, umanikezelana ngenduku (relay) neminye imidlalo ehambisana nokugijima.

Bekukhona umphathi kaMasipala wesifunda umnu uG. Sineke, umphathi kamasipala uBuhlebezwe uMnu. uM.E Mkhize, umphathi kamasipala iDr. NDZ uMnu. uN.C Vezi kanye nezinhloko zeminyango ezivela komasipala

























abehlukene. Bekuwumcimbi ojabulisayo oshiye izikhulu nabaphathi bejabulile.

Ebeka amazwi okwamukela, uMnu uG.M Sineke ugcizelele ubumqoka bemicimbi enjena ngoba ikhuthaza abasebenzi ibuye ikhuphule izinga lokuzethemba ezisebenzini.

"Lolu suku lusemqoka ngoba luvumela izisebenzi ukuba ziphume emahhovisi zibuye zikhombise amakhono azo zingekho emahhovisi. Kubuye kube yithuba lethu sonke lokuba sihlale siyimiqemane futhi siphilile," kusho umphathi kaMasipala Wesifunda.

I-SAMWU ikholwa wukuthi ukuzibandakanya emidlalweni kukhuthaza ukuhlalisana kwabantu, kukhulise ukuzethemba, kwehlize nezinga lokuthikamezeka emqondweni futhi ezemidlalo zisiza ukuba uhlale uphila kahle, nendlela yokuphila ibe ngevumelekile ethinta indlela odla ngayo zibuye zilungise ukuthi ulalakanjani. Usekela mengameli wokuqala weSAMWU uMluleki Mbhele, ugqugquzele izisebenzi ukuba zibe nochungemidlalo olukhulu nolungcono.

"Indlela elula yokuthuthukisa izinhloso zempilo enhlanganweni wukuba ufake imicimbi yezemidlalo. Lo mcimbi usize kakhulu ukuqinisa isiko elihle endaweni yokusebenza okwehlisa amazinga engcindezi kugcine sekunezisebenzi eziphile kahle. Kwangathi le midlalo ingadlondlobala kusukela kulo mcimbi walo nyaka. Ngonyaka ozayo sihlose ukuba ube mkhulu futhi ube ngcono kubo bonke ababambiqhaza. Emveni kwale midlalo kufanele sibuyele emahhovisi ngomuzwa ofanayo wokusebenza kanzima ukuqinisekisa ukuthi kunokuhlinzeka ngezinsizakalo emiphakathini ehlukene yomasipala esibasebenzelayo, kusho uMnu uMbhele.

